Ukuhlomisa izingane zethu ngelikusasa

RI 2

Isihloko sesifundo: Umhlatshelo kaJesu

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: Umhlatshelo kaJesu

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le-**RI 2**. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we-**RI 2** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesi-**RI 2** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	Umhlatshelo kaJesu
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaLuka 23: 33-46; NgokukaJohane 19: 17-30 NgokukaMathewu 27: 51-54
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi uJesu wadela kanjani impilo Yakhe.

Isifundo esifingqiwe:

• Ukubethelwa esiphambanweni kwakuyisihluku esidumazayo sokubulawa nokujeziswa kwezigebengu emehlweni omphakathi.
• Ngemuva kwecala likaJesu, amasosha amkhiphela ngaphandle kweJerusalema amyisa eGolgotha, lapho wabethelwa khona esiphambanweni phakathi kwezigebengu ezimbili.
• UJesu wathi, *“Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo…”*
• Amasosha ahlukanisa izingubo zikaJesu ngokujikijela amadayisi. Lokhu kwagcwalisa umbhalo wamaHubo 22: 18, *"Babelana izingubo zami, benzelana inkatho ngesambatho saMi”.*
• UJesu wenziwa inhlekisa ngabaholi bamaJuda.
• Esinye sezigebengu, samkhuza uzakwabo samenza wabona ukuthi bona benza izinto ezimbi futhi babefanelwe ukufa, kepha uJesu akenzanga lutho olubi. Waphendukela kuJesu wathi, *"Jesu, ngikhumbule, nxa usufike embusweni waKho”.*

- UJesu wathi kuye, *“Ngiqinisile, ngithi kuwe, namuhla uzakuba nami eParadisi.”*

• Manje uJesu wayesazi ukuthi konke sekuphelelisiwe nokuthi kugcwaliseke umbhalo wathi, *"Ngomile."*
• Bamanzisa isiponji ewayinini elimuncu, basibeka esiqwini sehisopi basiphakamisela ezindebeni zaKhe. UJesu waphuza iwayini, wathi: *“Kufeziwe.”*
• Wabe esekhothamisa ikhanda laKhe wafa.

Ukufa kukaJesu bekuhambisana nezimpawu ezikhethekile ezilandelayo:

• Kuthe phakathi kwemini, kwaba mnyama amahora amathathu ezweni lonke.
• Isihenqo ethempelini sadabuka phakathi izigaba ezimbili zinikeza bonke abantu ukufinyelela kuNkulunkulu ngesihle.
• Kwaba nokuzamazama komhlaba, kwagqabuka amadwala.

- Kepha induna yekhulu ebilinda uJesu nalabo ababehamba naYe, bakubona okwenzekile, badumisa uNkulunkulu, bathi: *"Ngempela lo ubeyiNdodana kaNkulunkulu!"*

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• UJesu wadela ukuphila kwaKhe ngenxa yethu, ukuze sisindiswe esonweni futhi sibuyisane noNkulunkulu.

• Funda 1 KwabaseKhorinte 15: 54-57.

• Ngomhlatshelo waKhe, uJesu:

- Ø wabhubhisa amandla kaSathane,
- Ø wanqoba ukufa kwaphakade, futhi
- Ø kwenziwa ukubuyisana okuphelele phakathi kwethu noNkulunkulu.

• Isiphambano siye saba uphawu lwensindiso phakathi kwamaKristu.

• Esiphambanweni uJesu wathola ukunqoba isihogo kanye nokufa.

• Isiphambano siyingxenye yesifanekiso sebandla lethu.

• KwabaseKorinte bokuQala, Isahluko 1 ivesi 18 lithi, *"Ngokuba izwi lesiphambano kwababhubhayo lingubuwula, kepha kithina esisindiswayo lingamandla kaNkulunkulu".*

• Isiphambano sibonisa ukuthi siyakwazi ukufinyelela kuNkulunkulu.

Yenza umsebenzi 1 no-2 nengane yakho.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe kusho ukuthini ukuthi Golgotha na?

   Impendulo: Indawo yeKhanda

2. Ingabe kukuphi eBhayibhelini lapho ukubethelwa kukaJesu kubikwe khona na?

   Impendulo: KumaVangeli amane, NgokukaMathewu, …Marku, …Luka naNgokukaJohane

3. Ingabe kungani isihenqo ethempelini sadabuka sahlukana kabili na?

   Impendulo: Ngokufa kukaJesu ukufinyelela kuNkulunkulu kwenziwa ukuba kwenzeke kumuntu nokuthi umuntu abuyisane noNkulunkulu

4. Ingabe wathini uJesu ngaphambi kokuba afe ukuze kufezeke imibhalo na?

   Impendulo: "Ngomile."

5. Ingabe ayethini amazwi kaJesu okugcina esiphambanweni ngemuva kokuba esephuze iwayini elimuncu ngokusho ngokukaJohane 19 na?

   Impendulo: *"Kufeziwe!"*

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes